**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI ESANGOYANA MHLAKA 13 JUNE 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Sihlangene lapha namhlanje ukuzofakazela kona ukuthi njengohulumeni waKwaZulu-Natal, sisaqhubeka lapho sigcine khona ngaphambi kokhetho. Siyabahlonipha abantu baKwaZulu-Natal ngokuphinda bavuselele ukwethemba uhulumeni wethu wentando yeningi.

- Njengohulumeni, sizimisele ukusebenzisa amandla negunya esikunikwe ngabantu ukuze bathuthuke babone impilo engcono kubantu bonke.

- Sifuna ukuqinisekisa ukuthi ukusebenza kwethu kuhambisana namaphuzu esiwabeke phambili kule minyaka emihlanu ezayo – ukwenza ngcono ukulethwa kwezidingo, ukulwa nobubha, ukuntuleka kwemisebenzi, ubugebengu nenkohlakalo, ukuthuthukisa izindawo zasemakhaya nokulungisa izinhlelo zezempilo nezemfundo.

- Yingakho kuyintokozo ukuthi namhlanje siphendula isoyi lokwakhiwa kweNovoco River Bridge nokulungiswa komgwaqo. Njengamanje amapayipi akhona awakwazi ukumelana nomthamo wamanzi uma kunezimvula ezinkulu.

- Ukugcwala komfula kuvalela umphakathi ungakwazi ukuya Olundi. Izimoto azikwazi ukuwela umfula kanti lokhu kuvimba nezingane zesikole ezifunda eMahlabathini High School naseNsikayendlu High School.

- Leli bhuloho lezimoto lizokuba ngu-93 metres ubude, kanti uma sekuphothulwe umbiko wokuqala wokuhlela umsebenzi, sizobe sesikwazi ukusho inani lemali yomsebenzi, isikhathi sokuqala umsebenzi, nesikhathi okulindeleke ukuthi uphothulwe ngaso.

- Eqinisweni nje, lo msebenzi ungomunye okhombisa ukuzibophezela kukahulumeni wethu ukuletha ithemba kuleyo miphakathi edinga kakhulu, ukuze nayo phela ikwazi ukuthokozela impilo engcono kubantu bonke.

- Ukwakhiwa kwemigwaqo namabhuloho nokukhuthaza izindlela zokusebenza ngezandla zabantu, kuyizinto esigxile kakhulu kuzona ezenza uhulumeni wethu akwazi ukuletha ingqalasizinda edingekayo emiphakathini yasemakhaya, futhi kuqinisekiswe ukuthi kwakhiwa amathuba emisebenzi lapho edingeka khona kakhulu.

- Lokhu kuhambisana nekhwela likaMongameli lokuba kulethwe ingqalasizinda nemisebenzi ngohlelo lwe-Expanded Public Works Programme. Kugcizelela futhi ukuba kulethwe ingqalasizinda yezokuthutha emakhaya ukuze kuqinisekiswe ukuthi kuyahambeka ezindaweni zasemakhaya.

- NjengoNgqongqoshe wezokuThutha kulesi fundazwe saKwaZulu-Natal, nginesibopho ngokwepolitiki sokuqinisekisa ukuthi sibuyisela isithunzi sothisha nabafundi besifazane okumele bakhumule izingubo uma bewela imifula. Nginesibopho ngokwepolitiki sokuqinisekisa ukuthi akukho muntu noma inhlangano ezosivimba ukuthi silethe ingqalasizinda kubantu bakithi.

- Ngihlale ngikugcizelela kodwa ukuthi njengezigaba ezahlukene zikahulumeni kumele sisebenzisane ukuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola impilo engcono. Lo Mnyango uhlale uzimisele ngokulekelela omasipala ngamakhono abangenawo uma behlela ingqalasizinda yomgwaqo ngaphandle kokubheka iqembu lepolitiki elihola lowo masipala.

- Sengiphetha, njengabavoti, ninike uhulumeni wethu wentando yeningi amandla okusebenzisa izimali zenu ukwakha izinhlelo eziphusile zokulwa nokungalingani nokulwa nobubha.

- Kumele izimali zifinyelele emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bethu.

**Ngiyabonga**